# *uZakewu, uSomabhizinisi*

Wonk'umuntu ubefakaza kulobubusuku, enikeza izehlakalo ezinkulu kangaka. Futhi ngizijabulela ngempela lezozinto. Futhi kubonakale sengathi wonk'umuntu ubenamancoko amancane ebufakazini babo.

2 Futhi ngingahle ngenezele lobu kobami. Njengoba inenekazi eliyikhaladi belifuna ukufakaza kungekudala, lithi, "Lunga elidala, ngingafakaza na?"

Ngathi, "Qhubeka nje."

3 Lase lithi, "A—a—angisikho lokho enga—engangifanele ukuba yikho, futhi—futhi ngi—futhi angisikho lokho engifuna ukuba yikho," lathi, "kodwa angisikho lokho engangivame ukuba yikho, futhi."

4 Ngakho-ke kuthi akube ngendlela engizwa ngayo phakathi kweqembu elinje. Angisikho lokho engangifanele ukuba yikho, noma lokho engifuna ukuba yikho, kodwa, ngazi into eyodwa, angisikho lokho engangivame ukuba yikho. Futhi ngijonge emgomeni wokuBizwa okukhulu.

5 Kuhle kakhulu ukuba lapha. Sibe nesinye sezikhathi esihle kunazo zonke zenhlanganyelo nabazalwane bethu, enhla eMaricopa Valley, lamaviki amabili edlule. Ngithe ukusha izwi. Futhi sibone uBaba wethu waseZulwini esenzela izinto ezinkulu. Futhi senza lokhu nje ukuthi nje ukuthola abantu bakhuleke, futhi sibheke uvuthondaba olukhulu ukuba lufike ngesikhathi salengqungquthela. Ngenkathi . . .

6 Ngizwile ukuthi benginenhlanhla yokwehlela kulomkhandlu wezikhulu zesonto, nomngani wami olungileyo, uMfowethu Tony. Futhi ngibuze kathathu, kulobubusuku, nilibiza kanjani lelogama na? Futhi a—angikwazi nje ukukuthola. Futhi ngakho nje "Tony," uma lokho kulungile. Ngicabanga ukuthi asikho esimweni kakhulu kangako lapha, empeleni, sinjalo na? Niyazi, lolo wuhlobo lokumesaba uNkulunkulu. Niyazi, iBhayibheli lathi, "UNkulunkulu akanasimo." Ngakho asinasimo.

7 Sibona izinto ezinkulu uBaba wethu waseZulwini asenzele zona kuleliviki, siyajabula ukwehla futhi sabelane lezizibusiso kulomkhandlu wezikhulu zesonto, futhi sithole ukubonana nabanye abazalwane, nani bantu enivela ezansi lapha kulengxenye ye—yeArizona. Okungukuthi, sonke siyazi, ezansi lapha, ukuthi leli yikomkhulu. Ngibatshelile lonke iviki ukuthi iPhoenix yayingumngcele nje weTucson, njalo. Niyabo? Bangeke bakukholwe, kodwa siyabemukela enhlanganyelweni yethu. Yile, ngoba siphakeme kakhulu le. Bafanele basibheke phezulu,

niyabo, enhla lapha eTucson. Futhi ngakho nonke wozani ngapha, futhi sizoya ngale futhi sivakashe ePhoenix manje, ngeviki elizayo, noma ukuphela kwaleliviki, ngalesisikhathi senhlanganyelo enhla lapho.

8 Sibe nento enkulu ukuba yenzeke ngaphambi nje kokuba ngiphume kuloluhambo. Ngithanda nje ukuthatha nje isikhathi semizuzwana embalwa ngoba ngicabanga ukuthi kungaba nosizo. Ngi . . .

9 Ekuhambeni yonke leminyaka futhi ngizama ukuma phakathi kwesikhala, izinhlangano ezehlukene nabantu, oSomaBhizinisi abangamaKristu ubethe ukuba uhlobo oluncane lomthombo wasogwadule kimi, ukukholwa ukuthi uNkulunkulu wenza ngagazi linye, zonke izizwe. Futhi ngi—ngiyakukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi abantu baKhe bakuwo onke amabandla. Uma EnguNkulunkulu kukho konke, UnguNkulunkulu wasosonke isintu, uNkulunkulu wokudaliweyo. Futhi ngempela Anga . . . Buka phandle phezu kwezingwadule nezintaba, ungakubona Akuthandayo, ngoba Uzizwakalisa Yena uqobo kokudaliweyo kwaKhe. Futhi singabona ukuthi kukhona uNkulunkulu. Nalababantu, oSomaBhizinisi beFull Gospel, uma ngiya emikhandlwini yabo yezikhulu zesonto, ngikhuluma kubo, khona–ke kunginikeza ithuba ukuba ngithole ukukhuluma kuwo onke amaqembu ehlukene, endawonye.

10 Ngibizelwe enhla kulokho, ebesingakubiza ohlobweni lwesisho sasezweni, ukubambela uDemos Shakarian. Niyazi ukuthi lokho kuyi—kuyingalo egcwele kanjani. Kodwa ngangiseCincinnati ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi uDade Shakarian, njengoba ngiqonda, waya kohlinzwa. UMfowethu Miner Arganbright, omunye wezikhulu, wafika wedlula wayesethi, "Gibela nami senyukele eCincinnati."

11 Ngathi, "Nginamakhulu abantu abalele lapha, abavela emhlabeni wonke jikelele, belele kulezizibhedlela namagumbi, belindele mina ukuba ngibakhulekele. Kade belindele ezingxoxiswaneni, mhlawumbe abanye kakhulu impela iminyaka emibili noma emithathu, belindile, futhi ekugcineni bafika bangena lapha."

Wayesethi, "Awu, gijima nje wenyuke imizuzu embalwa nami."

12 Ngathi, "Awu, kungasikhathi sini ukudla kwasekuseni na?" Kungamamayela athi awabe yikhulu namashumi amabili, ngiqagele, ukusuka lapho engakhe khona.

Wayesethi, "Awu, kuqala cishe ngelesishiyagalombili nqo."

13 Ngathi, "Awu, ngiyakutshela. Sizokwenyuka ke, cishe ngelesine nqo, bese sifika lapho senzele ukudla kwasekuseni. Ngizojaha ngibuye ngqo."

14 Futhi ngenkathi ngifika enhla lapho, uMfowethu Shakarian wayengekho lapho. Ngase ngihamba ngingena. Kwathiwa, "Yilokho nje ebesikubhekile!" Futhi ngakho ngalobobusuku, ngesinye isikhathi, ngifanele ngibuyele ekhaya.

15 Ngalesosikhathi, kwakukade kukhona umfundisi oyiBaptisti owayekade nje ecambalele ngqo ehlombe likaBilly, indodana yami, wayesethi, "Awuqondi, mnumzane." Wathi, "Umkami uyafa."

16 Wayesethi, "Awu, mnumzane, uma ubabayi ebuya." Wathi, "Sibophezeleke kulababantu, ukuba size."

17 Niyazi, emgqeni womkhuleko, izikhathi eziningi, ngidabula, futhi mhlawumbe nginikela umkhuleko. Kodwa u. . . Futhi ngezinye izikhathi udaba luhamba lujule kunalokho. Niyabo, uNkulunkulu uphilisa ngommbandela, futhi kungahle kubekhona into ethize empilweni yalowomuntu. Futhi angikhathali ukuthi ngumuthi omningi kangakanani udokotela angabanika wona, abasoze basinda kuze kulungiswe leyonto.

18 Uma uye eofisi likadokotela futhi wamtshela ukuthi ubugula, futhi wamtshela izimpawu zakho zesifo, futhi ubejahile, mhlampe ubeyokunika isithako esincane somuthi nokusetshenziswa kwawo nesidikizisa-mizwa esithize kuso, sohlobo oluthize, isidambisi-zinhlungu esithize. Udokotela uzama nje ukususa wena, ngalesosikhathi nje, ngoba akanaso isikhathi. Udokotela omuhle ngempela, ngaphambi kokuba akunike umuthi, uyosihlola lesosifo, asihlolisise, waze wathola ukuthi yini ebingalungile, bese-ke ekunikeza umuthi.

19 Futhi ngezinye izikhathi sithola abantu bedabula kulemigqa yemikhuleko, phandle ezizweni zonke, futhi bavele nje bagijime benyuke bese becabanga ukuthi iNkosi ifanele ibaphilise ngaso lesosikhathi. Kodwa kunento ethize mhlawumpe phansi phakathi lapho, futhi sihlezi phambi kweNkosi ize Ikwembule lokho, ukuthi lokho kuyini. Kunento ethize ene. . . Kune—kunesizathu sayoyonke into. Futhi ufanele usithole isizathu, kuqala, futhi manje-ke ungathola ukuthi yini ongasebenzela kuyo.

20 Nalomfo osemusha wayelokhu ephikelele nje. Futhi ngangena ngokusa okulandelayo lapha kwelesibili nqo. Futhi cishe ngelesihlanu, indodana yami yangibiza, yayisithi, "Uyayazi intombazane egama linguJean Dyer na?"

Ngathi, "UJean Dyer, lizwakala lijwayelekile."

Yathi, "Uthe wayevame ukukudlalela upiyano."

21 "O," ngathi, "lowo akusuye yini uDr. Dyer, udokotela ohlinzayo lapha, udokotela ohlinzayo odumile eLouisville na?"

22 Yathi, "Yilokho—yilokho. Awu, indodakazi yakhe uJean iyafa ngale esiBhedlela iSaint Edward e. . . noma isiBhedlela

iSaint Anthony, njalo, eLouisville." Yayisithi, "Umyeni wakhe ubelele ngqo ezitebhisini usuku lonke."

"Awu," ngathi, "awu, ngizozama ukukuminyanisa namhlanje."

23 Ngathi, "Manje, akazi ukuthi unomdlavuza. Ungamtsheli."

24 Ngakho, ekugcineni, lolosuku, ngenkathi ngifika ngale egunjini; inenekazi elihle elilincane.

25 Yayikade ingidlalele upiyano, e. . .ngenkathi ngisehholo, lapho engibone khona abantu bakaMfowethu Allen, lapha kulobubusuku. UMfowethu uAllen wayesanda kusuka nje kulelohholo elifanayo eLouisville. Lelo yiHholo leSikhumbuzo. NoJean Dyer wayengumshayi wopiyano ebandleni leOpen Door, isinagoge elidala. Futhi ngakho wayezibonile izinto ezithize ezinkulu iNkosi uNkulunkulu eyayizenzile. Watshela uyise.

26 Wavele wathi nje, "Leyo yisayensi ephathelene nenqondo uqobo. Indoda ifunda kuphela umqondo wabantu. Kune. . . Ikuqagelile nje lokho."

27 Wathi, "Babayi, kungeke kwaba ukuqagela ngasosonke isikhathi." Niyabo? Wathi, "Ngeke nje kwaba njalo."

"Awu," wathi, "Jean, khohlwa yilezozinto."

28 Futhi wayethembisene nomfana okahle owayeya ekholiji lamaBaptisti ngesikhathi. Washada wayesethuthela ngale eRockford, eIllinois, ukuya lapho ikhaya lalomfana lalikhona. Futhi ngandlela thize noma enye wazama ukubambelela ebufakazini bakhe. Kodwa umfana waphumela emsebenzini ongaphathelene namabandla, futhi emva kwesikhashana wacishe waqhela impela eNkosini.

29 Intombazane yayino—nokungahambi kahle kokwabesifazane. Yaya ekhaya kuyise. Wayazi ukuthi yayidinga ukuhlinzwa. Wathola kuyo lokho okubizwa nge. . .Futhi angilazi igama lezemithi lakho, kodwa, ngoba ngiyazi kunodokotela abathi ababe babili abahlezi lapha manje. Ngakho, kwakubizwa ngokuthi, kufana, nethumba eliwushokoledi. Futhi kuyi. . .Ngaphakathi, ngenkathi elikhipha, kufanele ukuthi wakuchitha okunye kwalo. Nezicubu saba yisimila. Base beyithunga, bayinikeza i x-reyi ethize nokwelapha.

30 Ngakho, isifika ekhaya, yaqhubeka inobuhlungu nenkathazo.

31 Sekuphele unyaka, yabuyelela ukuhlinzwa kukhishwe isibeletho ngokugcwele. Futhi ngenkathi bekhipha izitho, bathola ukuthi umdlavuza wasewenyukele enanzini wase uzongolozela. Yayingekho into eyayingenziwa. Bazama ukuphinde benze i x-reyi. Akusebenzanga. Ngakho bayithatha nje bayisa esibhedlela futhi bayitshela ukuthi nje

yayinenkathazo yabesifazane enzima, futhi bezama ukuyelapha. Nentombazane yayifa.

32 Umyeni wayo wayekwazi. Ngakho uza neno futhi wayethole ezinye zezincwadi zami, uJean ayezifundile. Futhi ngakho uqala ukuza esibhedlela, eyifundela zona.

33 Futhi ngenkathi singena ukuba siyikhulekele, yayingitshela ngakho. Ngathi, "Jean. . ." Ungumfana okahle. Futhi nganingingafuni ukuyekela. . .Ngigcina imfihlo, ngoba ngangazi ukuthi—ukuthi u. . .Yayingazi ukuthi yayinomdlavuza. Futhi ngakho, izinsuku ezimbili kamuva, babezoba no—nokuhlinza enanzini ukuvula esiswini ukuba ikake ngethumbu. Ngakho kuthatha. . .

34 Ngaphambi kokwenyusa intombazane, awu, bangivumela ukuba ngize neno futhi ngikhuleke nayo. Ngayithola egumbini. Futhi kwathi nje ngingathola. . .Kwakukhona umhlengikazi ongakholwa oyasemsebenzini; yayinabahlengikazi abathathu, amashifti angamahora amathathu. Futhi sathi nje singasusa umhlengikazi, futhi samkhipha egumbini, ukuze kwenzeke umbono, futhi sakhuleka nayo isikhashanyana lapho, ngase ngiyibona. Inwele-zinsundu. Ithi ayibe neminyaka engamashumi amathuthu-nesithupha kuphela ubudala. Izinwele ezinsundu zase ziphenduke zabampunga. Yayimi embonweni.

35 Ngathi, "Jean, manje buka. Ngizothembeka ngempela kuwe." Ngathi, "Kade usemihlanganweni isikhathi eside ngokwenele ukwazi ukuthi bengingekutshele lutho eGameni leNkosi ngaphandle uma kwakunjalo." Ngathi, "Manje, Jean, unomdlavuza."

Wathi, "Ngawusolasola, Mfowethu Branham."

36 Ngase ngithi, "Lokho kuhlinzwa, ngomhlomunye, ngukuhlinza enanzini ukuvula esiswini ukuba ukake ngethumbu. Kodwa, ungakhathazeki. Ngibonile, kuvela eNkosini, uzosinda." Futhi wajabula nje. Ngakho ngaya ekhaya.

37 Futhi ngosuku olulandelayo babezo, usuku emva kwalo, njalo, babezomthathela ukuhlinzwa enanzini ukuvula esiswini ukuba akake ngethumbu ngalokho kusa, futhi badingeka ba—badingeka balinde imizuzu embalwa emva kokuba sebemlungiselele, kanjalonjalo, futhi eselungele ukuhamba. Futhi kwakukhona. . .Wayenokuzwa okujwayelekile izidalwa ezingabantu ezifanele zibe nakho ngalesosikhathi, futhi bamyise endlini yokugezela, futhi wayenokuphelele, ukuzikhulula okuvamile. Udokotela washaqeka kakhulu. Wamhlola futhi. Ngokusa okulandelayo. . .Bakuyeka kanjalo, bakwesula ukuhlinzwa. UDr. Hume, udokotela okahle impela osigogodele isifo, udokotela ohlinzayo, umngani wami, wayezokwenza ukuhlinza.

38 Futhi ngokusa okulandelayo wayenokuphelele, ukuzikhulula okuvamile futhi. Noyise, uDr. Dyer, wangibizela efonini. Futhi ephakathi kwezilokozane, wathi, "Mfowethu Branham, kade ngingumgxeki walokho okhuluma ngakho." Wathi, "Kodwa sengiyikholwa manje, ukuthi uNkulunkulu kaAbrahama, uIsaka, noJakobe usaphila."

39 UngowayenguNkulunkulu njalonjalo, Uhlala enguNkulunkulu. Futhi siyazi ukuthi Mkhulu nje lapha eTucson njengoba Enjalo noma kuphi, ngoba Ungosezindaweni zonke, onamandla onke, nongenasiphelo, futhi siyazi ukuthi Angenza izinto zonke.

40 Manje, ukunganibambi isikhathi eside kakhulu. Ngokwejwayelekile, angivamisile impela, uma ngi . . . Ukuba bengizoshumayela, o, bengizoqiniseka ukunikhipha phakathi namahora ayisithupha. Leyo yintshumayelo emfishane. Kodwa angizukukwenza lokho kulobubusuku. Nginezinkonzo kusasa ebusuku, ubusuku obulandelayo, futhi kuqhubeke. Sizozama . . .

Ngilungiselela ukuya phesheya kwezilwandle futhi, iNkosi ithanda, khona nje.

41 Ngifuna ukusho kubobonke abantu lapha, bangane, ukuthi mhlawumbe abanye benu ngike ngahlangana nabo ngaphambili, futhi mhlawumbe kunabaningi lapha engingakaze ngihlangane nabo ngaphambili. Ngiyanibingelela eGameni leNkosi yethu uJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Kwangathi ukuthula kwaYo kungaba nani njalonjalo.

42 Futhi ngikhuluma ngesinye isikhathi kulemikhandlu yezikhulu zamasonto, kuthi ukubangela abantu ukuba ba . . . njengokwabafowethu bami abangabefundisi lapha, ukusho . . .

43 Omunye wathi kimi ngesinye isikhathi, wathi, "Billy, awu, u—uzidliselani satshanyana nalesosigejane sosomabhizinisi na?" Wathi, "Bengicabanga ukuthi ubungumshumayeli."

"O," ngathi, "Ngi—ngingusomabhizinisi."

Wathi, "Usomabhizinisi?"

Ngathi, "Impela."

Wathi, "Bengi—ngi—ngingakwazi lokho."

Ngathi, "Ya, ngingusomabhizinisi."

Wathi, "Nhloboni yebhizinisi okuyo na?"

44 Ngakusho ngakusheshisa, ukuze a . . . Ngathi, "Ngisesiqinisekweni sokuPhila."

Wathi, "Ini?"

Ngathi, "Isiqiniseko sokuPhila."

Wathi, "Uchaza uk'thini?"

Ngathi, "Isiqiniseko sokuPhila okuPhakade."

45 Manje, uma noma yimuphi wenu bantu engathanda ukuxoxisana nami ngepholisi yomshwalense, ngiyojabula ukukubona emva kwenkonzo ngqo. Ngi—ngilapha ngebhizinisi.

46 Ngikhumbula umngane wami, wayenguSnyder igama lakhe. Sasifunda ndawonye. Futhi manje, umshwalense, nginomngane osebhizinisini lomshwalense. Nginomfowethu osebhizinisini lomshwalense, kodwa ngempela a—anginamshwalense. Ngakho loWilmer Snyder, umngane wami, umngane wasebufaneni, wenyukela kimi kungekudala, wayesethi, "Awusho, Billy," wathi, "Ngithanda ukukhuluma kuwe ngomunye umshwalense."

47 Ngathi, "Manje, Wilmer." Ngathi, "Ngiyakutshela uk'thini. Asikhulume ngokuzingela."

Wathi, "Qhabo. Ngifuna ukukhuluma ngomshwalense."

48 Awu, ngadingeka ngimsholo khona ngokukusheshisa, futhi. Ngathi, "Nginesiqiniseko." Hhayi umshwalense; isiqiniseko, niyabo.

49 Nonkosikazi wami wangiqalaza, sengathi uzothi, "Ngani, wena mlandi wezinsumansumane omncane." Yena azi ukuthi ngangingenamshwalense.

50 Futhi wathi, "O, ngiyaxolisa, Billy." Wathi, "Kunjalo. Umfowenu ungumsebenzeli. Ngiyamazi uJesse."

Futhi ngathi, "Awu," ngathi, "awunaye nje ncamashi."

Wathi, "Nhloboni yomshwalense onawo na?"

Futhi ngathi, ngathi, "NginokuPhila okuPhakade."

Wathi, "Ini?"

Futhi ngathi, "UkuPhila okuPhakade."

51 "Awu," wathi, "angikholwa ukuthi sengake ngezwa ngaleyonkampani." Wathi, "Qhabo. Ixakile."

52 Futhi ngathi, "Nakhu oyikho, Wilmer." Ngathi, "Isiqiniseko esibusisiweyo, uJesu ungowami. O, ukunambitha okungaphambili okunje kwenkazimulo yobuNkulunkulu! Ngiyindlalifa yensindiso, ethengwe nguNkulunkulu, ezalwa nguMoya waKhe, ngigezwe eGazini laKhe."

53 Wathi, "Lokho kumnandi kabi kabi, Billy, kodwa lokho ngeke kukubeke phandle lapha phakathi emangcwabeni."

54 Ngathi, "Kodwa kuyongikhipha. Angi—angikhathazekile kakhulu ngokungena. Ngukuphuma, yilokho engicabanga ngakho."

55 Manje, uma unanoma iyiphi inkathazo, ngizokhuluma kuwe ngawo. Okokuncane nje—ukukhuluma okuncane nje okuphuma emBhalweni, nakuba kungosomabhizinisi. Kodwa ngizibandakanye njengosamabhizinisi kanye nani.

56 Futhi abaningi babazalwane bami abangabefundisi phandle lapha, ngibabonile besukuma, emizuzwaneni edlule. Futhi ngakho mhlawumbe ngesinye isikhathi, iNkosi ithanda, ngithanda ukuhambisana neqembu futhi ngize ngibe nomhlangano omuhle wokuhlangana nabefundisi ezansi lapha. Ngazi umfowethu omncane oyedwa lapha. Ngahlangana naye. UWhittle, ngiyakholwa, kwakuyigama lakhe. Sasiphandle ndawonye, ngesinye isikhathi. Manje, ngilisho ngokungesikho lelo, futhi. Ungazisile ukuthi lokho bekulungile.

57 Futhi ngakho igama lami ngu Bran-ham, niyazi. Omunye wathi kimi, wathi, "U . . . Mfowethu Bran-ham, unabo ubuhlobo noAbrahama na?"

Ngathi, "Indodana yakhe."

58 "'Baba wezizwe.' Ngokufa kuKristu, siyinzalo kaAbrahama, nezindlalifa naye ngokwesithembiso." Lowo ngumBhalo.

59 Manje, anginasikhathi sokunibamba lapha, ukushumayela, ngoba iRamada ayisoze yabuye inivumele nibe nayo futhi.

60 Ngakho ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ngifika phakathi kwabantu bamaPentecostal, iminyaka edlule, ngangiseMishawaka. Kwakunamaqembu amabili abo. Elinye lalibizwa nge P. A. of W.; elinye, i P. A. of J. C., ngiyakholwa. Futhi babenengqungquthela yabo—yabo emazweni asenyakatho, ngoba kwakukhona ukwehlukana, futhi ngakho abazalwane abangamakhaladi babengathamela umhlangano. Ngababhekisisa usuku lonke, ukuthi kwakungejwayelekile kanjani, kungasekho nanhlonipho yebandla. He! Ngangihlezi lapho, futhi thina maBaptisti, niyazi, siwuhlobo oluzama ukwenza uhlobo lobusonto ebandleni. Kodwa lababafo babengenayo nhlobo inhlonipho yeBaptisti, kumbe noma iyiphi inhlonipho yebandla. Babegijima, bamemeze, bamemeze kakhulu, babel'hlaza-sibhakabhaka ebusweni. Futhi ngacabanga "He, he!" Futhi ngakho ngiqala ukuqaphela indlela ababeqhubeka ngayo.

61 Futhi ngakho wathi, "Bonke abefundisi, emsamo. Wonke umfundisi, kungenandaba ukuthi uhlelo lini, yenyukela emsamo okwalokhu ukuhlwa." Kwakukhona cishe amakhulu ayisihlanu ethu sihlezi emsamo. Ngakho wathi, "Sukuma nje futhi usho igama lakho, uhlale phansi." Ngi—ngiyafika ngidlula, esami. Nga—ngalisho igama lami, ngahlala phansi. Kwehla njalo. Emva kwesikhashana, babenendoda . . . Babekade benabashumayeli abathize abakahle ngalolosuku. O, babeyizifundiswa ezinkulu zangempela, namadoda angempela. Futhi ngazi ngangingenamsebenzi phezulu lapho, nemfundo yami yebanga lesihlanu, ngimi ngaphambi kwalabobafo, ngenkathi babezokhuluma ngesayensi yezenkolo.

62 Kodwa ngacabanga, "Awu, okwalomhlangano wakusihlwa, impela bazoba nesikhulumi sabo esiphambili kunabobonke esakusihlwa."

63 Futhi ngakho, emva kwesikhashana, bathi ilunga elidala elithize lizokhuluma. Kwakuyindoda endala eyikhaladi, yaphuma. Futhi yayibukeka cishe ineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala. Futhi yayifake elinye lalawo amadala amade, esasivamise ukuwabiza ezansi eningizimu, ngamabhantshi omshumayeli, niyazi; ethi ukuba wuhlobo lwesisila senkonjane, niyazi, linemithende kusukela phansi kuyaphezulu kulo. Indingilizi encane yezinwele ezimhlophe ngokuzungeza ikhanda layo. Futhi yayifanele imhole umfo omdala imkhiphe, wayesemdala kakhulu.

64 Futhi waphuma lapho futhi wathatha indikimba yakhe ngale kuJobe. Wathi, "'Wawukuphi ngenkathi Ngibeka isisekelo somhlaba na? Ngitshele ukuthi uboshelwe kuphi.'" Wathi, "'Ngenkathi izinkanyezi zokusa zahlabelela ndawonye, namadodana kaNkulunkulu amemeza kakhulu ngenjabulo,'" wathi, "'wawukuphi na?'" UNkulunkulu ekhuluma kuJobe.

65 Awu, bonke abazalwane ngalolosuku babekade beshumayela ngokuPhila kukaKristu, nokufika kukaJohane, beshumayela indlela maphakathi, kanjalokanjalo, ngokufundisa okukhulu impela.

66 Kodwa lendoda endala ayishumayelanga nganoma yini leyo eyayenzeka lapha phansi emhlabeni. YaMthatha yamenyusela emuva ngaleya cishe iminyaka eyizigidi eziyishumi ngaphambi kokuba izwe like lize libunjwe. Futhi yaMletha, okwakwenzeka eZulwini, bese-ke kwehle ngothingo lwenkosikazi oluthe nto. Yenze lokho konke emizuzwini cishe emihlanu, nokuphefumula okukodwa, kwakubukeka kanjalo. Ngenkathi iqeda, yagxuma emoyeni cishe amafidi amathathu, kwabukeka kimi, kanjalo, futhi yakhahlela izithende zayo zihlangene. Iza inqamula ngapho. Futhi yayinendawo ephindwe kabili kakhulu impela nje njengoba nginayo. Yathi, "Aninayo nje indawo eyenele phezulu lapha ukuba ngishumayele," futhi yahlala phansi.

67 Ngacabanga "Yilokho engikudingayo. Uma lokho kuzokwenza indoda endala izwe kanjalo, kuyongenzani mina uma ngike ngathola lowomthombo wobusha na?"

68 Indoda endala, ineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala, futhi ikwazi ukwenza kanjalo! Awu, he, iphuma lapho, yayithi ukubamba. Kodwa ngaqaphela ngenkathi lowoMoya utheleka kuyo, yavuselela ubusha bayo njengokhozi, niyazi.

69 Manje ngale encwadini kaLuka oNgcwele ngithanda ukufunda nje ivesi elincane noma amabili, okwamaZwi nje ambalwa lapha, ukuhlanganisa thaqa nento ethize esishiwo,

futhi konke ndawonye, namahubo eliculiwe. Futhi iNkosi ayenezele izibusiso zaYo ekufundweni kukaLuka oNgcwele 19.

> *NoJesu wangena eJeriko wadabula khona.*
>
> *. . . bheka, kwakukhona* egama *indoda igama layo linguZakewu, ingumthelisi omkhulu, futhi yayicebile.*
>
> *Yayifuna ukumbona uJesu ukuthi ungubani; yehluleka* ngoba *yesixuku, . . . yayimfushane.*
>
> *Yagijimela phambili, yakhwela emthombeni ukuba imbone: ngokuba ebezakudlula ngakhona.*
>
> *Esefikile uJesu kuleyondawo, wabheka phezulu, wambona, wathi . . . Zakewu, shesha, wehle; ngokuba namuhla ngimelwe ukuhlala endlini yakho.*

70 Kufanele ukuthi kwakukade kuwubusuku obesabekayo obubi. Umfo omncane wayengalalanga nhlobo. Wayelokhu eginqika futhi ekhushukhushuza ubusuku bonke. Sonke siyazana nalezozinhlobo zobusuku: ungeke uphumule, ungeke uye ukuyolala. Futhi wayelokhu eginqika nje ubusuku bonke, ekhushukhushuza.

71 Uyazi, umkakhe, uRebekah, wayeyikholwa, futhi wayemkhathalele umyeni wakhe owayenebhizinisi eJeriko. Futhi wayengowezinhlangano eziningi zemiphakathi zalolosuku, akukho kungabaza. NoRebekah wayethole ukwazana no—nomprofethi ogama linguJesu waseNazaretha, ababesho ngaYe ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi wayemkhathalele umyeni wakhe ekuhlanganeni naleNdoda.

72 Ngoba, wayazi ukuthi abantu bamaJuda babefundisiwe, ukuthi, "Uma indoda yayingumprofethi, ukuthi ayekushilo kwakuzofezeka. Kodwa uma ayekushilo kungafezekanga, khona–ke ningamuzwa." UNkulunkulu wayelishiye kubo leloZwi, ngabaprofethi baKhe. Wayekhonjwa kanjalo-ke umprofethi.

73 Nomnikezi-mthetho omkhulu, uMose, naye wayeshiye umyalo, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami. Kuyakuthi ongayikumuzwa lomProfethi uyakunqunywa phakathi kwabantu."

74 NoRebekah wayeqiniseke ngokugcwele, ngenkathi ebone uJesu waseNazaretha ukuthi wayekwazi ukuma futhi atshele abantu izinto ezazisenhliziyweni yabo, abikezele izinto eyayizokwenzeka, ifika nje ncamashi ngendlela Ayisho ngayo, akuzange kwehluleke nakanye. Futhi WayeseZwini likaNkulunkulu ngokuyikho. Wakukholwa.

75 Kodwa uZakewu, umyeni wakhe, wayexovekile. Futhi, awu, iqiniso langempela lakho lalingukuthi, wayengakaze ambone uJesu.

76 Futhi qiniso leyo yinto embi, ukuzama ukwehlulela umuntu ngaphambi kokuba umuzwe. Awufanele neze ukwenze lokho. Izikhathi eziningi sisalokhu sinecala lalokho, ngalolusuku. Sizwa ngomuntu, futhi, ngaphambi kokuba ngisho sikhulume kuye, si—sisalokhu. . . sesiwedlulisele kuye umbono wethu, ngombono womunye umuntu. Futhi akusiyo into enhle. Sifanele sihambe, sizibonele thina.

77 Njengoba kwake kwashiwo ngesinye isikhathi, "Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?"

78 Ngenkathi uFilipu wayehambe ukuyobona uNatanayeli wayesemfumana phansi komuthi, wayesethi, "Woza, ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

79 Wathi, "Manje, kungabakhona yini okuhle okuvela eNazaretha na?"

80 Wamnika elinye lamazwi elihle kunawo onke ayengamnika lona. "Woza, ubone." Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Woza, uzibonele wena.

81 Futhi ngenkathi efika, uJesu wambona ekhuphuka. Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

82 Wathi, "Rabi," okusho ukuthi *mfundisi*, "Ungaze nini na?"

83 Wathi, "Ungakabizwa nguFilipu, uphansi komuthi, Ngakubona."

84 Lokho kwakwenele. Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu. Wena uyiNkosi kaIsrayeli," ngoba wabona lona impela iZwi u—uMose ayethe liyokwenzeka. Babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, futhi nakhu kwakukhona iNdoda eseZwini impela.

85 Ufanele ukuthi wezwa kanjani lowowesifazane omncane emthonjeni waseSamariya ngenkathi ephuma ukuyokukha amanzi ngoluny'usuku, futhi nakho kuhlezi iNdoda, iJuda. Ifanele ukuthi yayibukeka ithi ayibe neminyaka engamashumi amahlanu ubudala, nakuba Yayinamashumi amathathu kuphela. Umsebenzi waYo ufanele ukuthi wawuYivithizile.

86 Ngenkathi benomkhosi wa—wamadokodo, bonke babethokoza. NoJesu wamemeza, njengoba kucashuniwe esikhashaneni esedlule, "Wozani kiMi." Ngakho manje–ke Uqala ukunikeza isifundo saKhe.

87 Na—namaJuda athi kuYe, "Uqonde ukuthi Ubone uAbrahama na? Futhi UyiNdoda engakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, uthi Ubone uAbrahama na? Manje siyazi Uyahlanya." Negama elithi *hlanya* lapho lisho ukuthi "ukuhlanya." "Siyazi ukuthi uyahlanya. Unedemoni."

88 Wathi, "Engakabibikho uAbrahama, Ngikhona." Lowo kwakunguNGIKHONA owakhuluma kuMose esihlahleni esivuthayo.

89 Futhi siyaqaphela ukuthi ngenkathi Ehleli... Wayeswelekile ukuba adlule ngaseSamariya. Ngoba, uIsrayeli wayesewuzwile umlayezo, futhi Wayeza manje ezizweni ezintathu: amaJuda, abeziZwe, namaSamariya; uHamu, uShemu, nabantu bakaJafethi. Futhi U...IVangeli lifanele lethulwe kubo. Futhi Ufika emzini othiwa yiSikari, futhi lapho, ehlezi emthonjeni. Wayesethuma abafundi baKhe emzini, ukuba bayothenga ukudla.

90 Owesifazane omncane waphuma. Besingambiza namhlanje, awu, mhlampe "ilambu elibomvu," igama elithize elibi. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Futhi ngakho umbonile uJesu... Ngiqonde ukuthi, akazange ambone uJesu ehlezi ngale, iNdoda nje eyiJuda elijwayelekile ihlezi incike udonga. Lomthombo omncane, phandle ekupheleni komgwaqo, we...lapho umuzi uzakhona ukuzokukha amanzi abo. LoMfo omncane ehlezi lapho, enganakiwe. Wenyuka mhlawumbe cishe ngeleshumi nanye nqo emini, ukuzokha amanzi, amanzi omndeni osuku. Wayesededela ibhakade lehle ukuba awakhe, futhi, ngaphambi kokuba aligwedle alenyuse, wezwa Omunye ethi, "Ngiphuzise."

91 Wabuka ngale wasebona ukuthi kwakuyiJuda. Futhi ngahle ukuba washo into enjengale, "Mnumzane, akusilo isiko ukuba Wena usho into enjalo. Mina ngingumSamariya. Wena uyiJuda. Futhi asina...Kunokwehlukana lapha. Asinakudlelana okunjalo omunye nomunye."

92 Wayeseqhubeka nokukhuluma. Ingxoxo yaqhubeka, mayelana nokuthi wayekhonza eJerusalema yini. Wathi, "Thina maJuda siyakwazi esikukhonzayo, ngokuba insindiso ingeyamaJuda." Nengxoxo yaqhubeka isikhashana. Futhi emva kwesikhashana Wathi kuye, "Hamba, ulande indoda yakho futhi nize lapha."

Wathi, "Anginandoda."

93 Wathi, "Ukhulume iqiniso, ngokuba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

94 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena." Manje, niyabo, babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, kusukela kuMalaki. Wathi, "Ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena." Siyazi, nxa uMesiya efika, Uyakusitshela lezizinto. Leso kuyoba yisibonakaliso somprofethi. Nxa uMesiya efika Uyakusitshela lezizinto."

UJesu wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

95 Wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Lona kungebe nguye impela uMesiya na?" Ukuthi lokho kuKhanya kuqala kwabhobokela kanjani phezu kowesifazane omncane ekulesosimo!

96 Uku—ukusolwa okunje okwaba yikho kulabobapristi bethempeli bangalolosuku, abaMbonile enza leyonto efanayo,

futhi baMbiza ngokuthi, "UBelzabule, idemoni, umoya ongcolile wenza lemisebenzi"! Kanti, umBhalo uqinisekisa ngokucace kakhulu ukuthi kuyoba nguMesiya. Manje si . . .

97 URebekah wayekubone konke lokhu, futhi wayeshisekele ukuthi umyeni wakhe ake ahlale kanye lapho uJesu waseNazaretha ayekhona. Futhi waqonda ukuthi Wayezoba seJeriko, umuzi wakubo, ngalolosuku. Futhi wathola ukumkhulekela. Ngithemba ukuthi baningi oRebekah lapha kulobubusuku, ukuthi uzokhulekela umyeni wakho, ukuthi ngesinye isikhathi uJesu uzodlula endleleni yabo. Futhi wayekhuleke ubusuku bonke, njengoba besingakwenza samdlalo wasesiteji.

98 Futhi niyazi, uma umuntu othize ehamba eyokukhulekela, ngobuqotho, awu—awutholi kuphumula. Ungasho, kukhona into eyenzekayo.

99 Kwasekuthi ke sekuya ngasekuseni, singathi . . . UZakewu wayenenjwayelo yokuvuka sekuthi ukuba leyithi, ngoba, mhlampe sizothi, wayenesitolo othenga udlele kuso, futhi wadedela i . . . ukuphatha kwabakhe—khe, kanjalo njalo, banake lelibhizinisi. Kodwa ngalokho kusa, wavuka kusesekuseni ngempela, wazilungisa kahle ngempela, wayesegqoka izingubo zakhe eziphambili. Futhi uRebekah, emva kokukhuleka ubusuku bonke, futhi ebona ukuthi wayeyaluyaluza impela . . .

100 Futhi lalela, Rebekah, uma ubona uZakewu wakho ethola ukulokhu eyaluyaluza, khumbula nje, uNkulunkulu uphendula umkhuleko, uyabo. Kwenzeka ngaleyondlela-ke. Uma umbona eba kanjalo engenakukunika izwi elihle, khumbula nje, yiba ulokhu ubambelele. Akukade uNkulunkulu uzoze amedlule ngaleyondlela.

101 Wathola ukuyaluyaluza ngempela. Ngenkathi esevukile, wagqoka izingubo zakhe eziphambili. Futhi sengiyambona uRebekah eguquka wayesethi, "Zakewu, uvuka kusesekuseni kakhulu kulokhu ukusa, s'thandwa sami."

102 "O, yebo. A, nje ngi, e-e-e, mm. Uyazi, ngi—ngicabange nje ukuthi ngizoke ngithi ukuphumela ukushaywa umoya ofreshi kancinyana."

103 Kodwa, wayenakho emqondweni wakhe, "Angikwazanga ukususa lowoMfo emqondweni wami. Uyazi ukuthi ngizokwenzani? Ngizokwehlela lapho esangweni lapho Angena khona. Futhi ngenkathi Engena kulelosango, ngizoMtshela ezakhe, ngokukhipha umkami, lemihlangano, nokuqhubeka kanje. NgizoMtshela ukuthi ngicabangani ngaYe." Niyazi, ngokwejwayelekile abantu bakha lolohlobo lwesimo sokucabanga, niyazi, nje ngokuzwa into ethize.

104 Ngakho walungisa konke. Wehla wathi nyelele. Wabuka emuva enhla, indlu, futhi abone ukuthi ngabe ukhona yini owayebuka, futhi kwabonakala sengathi akekho owayebuka.

Kodwa uRebekah wayebukela ngomfantu wewindi, ebona akwenza. Futhi esikhundleni sokujikela ehlele ngasesitolo sakhe othenga udlele kuso, wehlela ngaseMgwaqeni oQondile.

105 Niyazi, ngokujwayelekile uthola uJesu eMgwaqeni oQondile. Kunjalo. Qonda ebhizinisini lakho! Ufuna ukuMthola, thembeka, ube qotho, qonda noNkulunkulu nanabantu, qonda nomakhelwane wakho.

106 Ngakho uthi nyelele wehla ngomgwaqo, ngoba wayazi uthi Wayezongena kulelisango elithize. Wayelitshazisiwe kancanyana ngalokho kusa, ngoba izimpumputhe ezimbili zazidinga ukuphiliswa, njengokuba umBhalo usitshela, futhi Wayeziphilisile lezo. Futhi ngenkathi ehlela esangweni lapho uJesu ayefanele ukungena khona . . . Niyazi, iBhayibheli lathi, “Wayethi ukuba mfishane ngesiqu.” Futhi esefika lapho, abanye balabobantu abakhulukazi babemi lapho, futhi akakwazanga ngisho nokuthola indawo, ukuba enyuke ukuba aMbone. Babelenga ezindongeni nandawo zonke.

107 Niyazi, kunokuthize ngakho, ukuthi, uma uJesu efika ngapha, njalo kuheha ukunaka ngandlela thize. Babelapho, belungele ukucula, “Hosana!” Futhi ba . . .

108 Wathi, “Manje, angisoze ngaqaphelwa lapha. Futhi angizukwazi ukuMqaphela, ngoba Uzohamba mhlampe phakathi nomgwaqo, nomqaphi, futhi angizukukwazi ukubona loMfo. Kodwa angikholwa ukuthi Ungumprofethi, ngoba kade ngifundiswa ukuthi izinsuku zesiprofetho nezinsuku zezimangaliso selwedlule.” Niyazi, isikhathi asikashintshi kakhulu kakhulu kusukela ngaleyonkathi.

109 Uma uNkulunkulu wayenguNkulunkulu njalonjalo, UsenguNkulunkulu. Uma Engenjalo, khona-ke Akakaze abe nguNkulunkulu. Ungeke nje wathi UnguNkulunkulu kanye, futhi akasuye uNkulunkulu ngokulandelayo. Akagugi. Angewuguqule umqondo waKhe. Uzofanele ahlale nezinqumo zaKhe. Ngakho-ke, ungaphumula uqiniseke kulokho, ukuthi Akusho, lokho Uyokwenza. Yilokho oku . . .

110 UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, wabiza izinto ezaziphambene ngokungathi zazi—zazingekho. Izinto ezazibonakala ziyizo ngempela, amehlo akhe ayekwazi ukuzibona, kodwa kwakuphambene neZwi likaNkulunkulu, futhi we—wenzela . . . aka . . . akazibukanga ngisho. Wazibiza sengathi zazingekho. Wamkholwa uNkulunkulu.” Akazange nje abambelelele usuku olulodwa. Wehla njalo ngempilo, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, ngaphambi kokuba kuze kuzalwe uIsaka. Futhi waya ngokuqina, ngasosonke isikhathi.

111 Thina namuhla esiziso ukuthi siyiyo, ngomusa, nangesihawu nokwenziwa isimo sobuntwana ngoKristu, ukuthi siba yiNzalo ka Abrahama, futhi asikwazi ukwethemba uNkulunkulu amahora angamashumi amabili-nane. Kodwa iNzalo ka

Abrahama yangempela ibambelela eZwini likaNkulunkulu futhi akukho lutho oluzoyivimba kulo.

112 UNkulunkulu watshela uAbrahama, ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, noSara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, babezoba nengane. Ngani, bahamba futhi bathenga bonke ophini nengubo yomntwana enemibalabala, futhi bamlungela. Kunjalo. Kwakungekho lutho olwaluzobamisa. Babekwazi.

113 Izinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili zedlula. Wathi, "Uzizwa unjani, Sara na?"

"Akukho-kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu! Sizoba nayo, noma kanjani."

"Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo. Lokho kuyakuxazulula."

Inyanga elandelayo, "Uzizwa unjani na?"

"Akukho-mehluko."

114 "Awu, kuyisimangaliso esikhulu kunanininini manje. Sekuleyithi ngezinyanga ezimbili." Niyabo?

Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, "Uzizwa unjani, Sara na?"

"Akukho-kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu! Sizoba nayo, noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo."

115 Futhi manje-ke sizibiza ngeNzalo ka Abrahama. Okushiwo nguNkulunkulu, uNkulunkulu unamandla okukwenza, ukwenza lokho Athi Uyokwenza. Angikwazi ukugcina amazwi ami ngaso sonke isikhathi. Awukwazi nawe. Kodwa Yena uzofanele awagcine, ukuba abe nguNkulunkulu.

116 Ngakho, sithola ukuthi lendoda ayikukholwanga lokho, losomabhizinisi omncane wasemzini waseJeriko. Wayenebhizinisi elikhulu. Wayecabanga ukuthi wayenza kahle. Wayefumene umusa kubapristi nanesinagoge. Wayefumene umusa emabandleni, namaKiwanis, ne—neziningi zezinhlangano zangalolosuku, njengoba besingasho. Noma kunjalo, lokho akuchazi uNkulunkulu, nokho.

117 Impumelelo ayichazi yena neze uNkulunkulu, njalo. Ngezinye izikhathi kungapha nangapha.

118 UNkulunkulu wathi, "Ngenkathi uhlezi endle," watshela uIsrayeli, egazini lakhe uqobo, ngaleyonkathi wayevuma ukuMkhonza. Kodwa ngenkathi esenele, wayecabanga ukuthi wayenjalo, ngaleyonkathi akabange esafuna ukuzihlanganisa naYe, waMfulathela.

119 UIsaka wathola lesosibonelo ku Uziya inkosi, ngoba u Uziya wayeyindoda enkulu inqubo nje uma wayeqhubeka ezithobile

phambi kukaNkulunkulu. Akazange adlale ezombusazwe. Wahlala noNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wambusisa. Umbuso wakhe wawulandela okaSolomoni. Kodwa, ngenkathi esethole ukuzazisa!

120 Yileyo inkathazo kubantu namhlanje. Ningalokothi nivumele lokho kwenzeke kulenhlangano yosomabhizinisi, kungenjalo seniye othulini njengabo bonke abanye. Njalo uma abantu efika endaweni impumelelo ize—ize iqale ukuphuphuthekisa amehlo abo eZwini likaNkulunkulu, basemadwaleni.

121 U-Uziya wayeyindoda enkulu, kodwa wazama ukuthatha indawo yomshumayeli, ngoluny'usuku, ukuba ayongena futhi ashise impepho. Nompristi omkhulu, namashumi shumi abapristi, afika amtshela, "Awufanele ukwenza lokho. Ungumuntu-nje."

122 Nani bosomabhizinisi kukhumbuleni lokho, futhi. Thina bashumayeli sinesikhathi esil'khuni esenele sigcina leNto iqondile. Ayisiyo eyabantu-nje. Abantu nje unengxenye yabo, kodwa ipulpiti lingelomfundisi ogcotshiwe. "UNkulunkulu umisa, eBandleni, amadoda ngalezizinto."

123 Futhi manje-ke sithola ukuthi wathatha isitsha sempepho wayesengena, noma kanjani. Futhi uNkulunkulu wamshaya ngochoko, futhi wafa engonochoko. Niyabo, ngenkathi sithola ukuphakama!

124 UZakewu wayecishe impela abe kulesosimo. Wayengophumelelayo. Wayemi ekahle norabi. Wayemi ekahle nayo yonke imiphakathi. Ngakho wacabanga, uma engene enkathazweni ethize, wayethola ukwesekwa, iSanhedrin yayikahle ngaye. Uma esangweni. Uzokwenza into ethize manje. Uzophuma bese ethatha loMfo, bese eMtshela ebusweni baKhe, "Wena ungumprofethi wamanga. Lapho akukho lutho kuWe. Uthatha nje kuphela ukufunda ingqondo, futhi udukisa abantu." Niyabo, akazange ame ukuba afunde iZwi.

Lenziwa lapho-ke iphutha namhlanje.

125 Ukuba uIsrayeli wayenze lokho esikhundleni sokwenza abakwenzayo, ngabe bangcono kakhulu namhlanje. Kodwa babefanele benziwe ngaleyondlela. Kwakufanele kugcwaliseke, amehlo abo ukuba aphuphuthekiswe, ukuze sibe nethuba. Ukuba kwakungenganxa yalokho, besiyoba kuphi na? Qaphelani.

126 Kodwa ngenkathi esefika lapho, uthola ukuthi akakwazi ngisho nakubona lutho. Akakwazi ukubona umgwaqo, kunabantu abaningi kakhulu nje bebuthene ngakhona, ndawo zonke. Ngakho uyacabanga, "Uyazi uk'thini? Wenyukela e. . .Bayangitshela, uRebekah ungitshelile, lokho, namhlanje, Ubezoyokudla kwa—kwaLavinski." Ngithemba ukuthi akukho Lavinski lapha. Kodwa, isitolo sakhe othenga udlele kuso,

imbangi yakhe. Ehhe. Ngakho wayezoyokudla ngale esitolo sakhe othenga udlele kuso, mhlampe. "Ngakho ngiyazi, ukufika lapho, sizofanele sehle, sijike sichezuke ngoMgwaqo Oqondile lapha, ezansi eMgwaqeni ophahlwe yizihlahla uHaleluya," sizowubiza kanjalo.

127 Lawo ngamagama angenanhlonipho, kodwa ngiyakwenza nje lokho ukwenza umdlalo wami wasesiteji. "Futhi sizojika ikhona lapha, sichezuke eMgwaqeni Oqondile, siye eMgwaqeni ophahlwe yizihlahla uHaleluya." Ugcine nje lowomgwaqo isikhathi eside ngokwenele, futhi uzofika eMgwaqeni ophahlwe yizihlahla uHaleluya. Hlala uqondile nje.

128 Ngakho uyehla, ngokushesha. Wathi, "Ngimfishane." Walungisa umina wakhe omncane: waphulula intshebe yakhe; wabona ukuthi wayeqholwe kahle nje ngamakha; izinzipho zakhe zonke zipholishiwe. Wama ekhonini, wathi, "NgizoMbona uma edlula, futhi ngizoMtshela ukuthi ngicabangani ngaYe uma Edlula." Ngakho uma ekhoneni.

129 Wayesethola ukucabanga, "Uyazi uk'thini? Leloqembu elifanayo lizoMlandela. Bazoba khona lapha, futhi bazovele nje. . . Ngimncane kakhulu, angisoze ngakwazi ukuMbona, ngakho angizukwenza lutho oluhle kangako ngimi lapha. Angizukuba ngcono kakhulu lapha kunoma benginjalo ezansi lapho. Futhi, uyazi, kholwa ukuthi—ukuthi ngizokwenzani? Nanku umthombe umi lapha, ngakho ngikholwa ukuthi ngizovele nje ngikhuphukele kulomthombe. Ngizobe-ke sengikwazi ukuMbona, futhi ngiMbukisise kahle uma Edlula. Ngakho Akasoze angibone phezulu lapho kulowomuthi. Futhi kunegatsha elaphumela lapho; futhi nje ngizohlala ngqo kulelogatsha futhi ngiMbhekisise uma Esebonakala, nanoma Esephuma ekubonakaleni. Ngizothola ukumbukisisa kahle loMfo."

130 Kanti futhi, into yokuqala niyazi, uqala ukuzama ukubona ukuthi igatsha lokuqala laliphakeme kangakanani, futhi lalithe ukuphuma kancane ukuba afinyelele kulo.

131 Niyazi, ngempela, isinyathelo sokuqala ngukuphuma kancane nje ekufinyeleleni kwethu. Sizofanele sikwemukele ngokukholwa. Ya. Kungaphezulu kakhudlwana kunoma umqondo womuntu ungachaza. Ungeke wamchaza uNkulunkulu. Uma ukwenza, khona-ke Akasemukelwa ngokukholwa. Uzofanele uMkholwe. "Oza kuNkulunkulu umele akholwe ukuthi Ukhona, noMvuzi walabo abaMfunisisayo."

132 Ngakho sithola lomfo omncane odumile, omunye wosomabhizinisi bomuzi, wathi, "Manje, ngizokhuphuka kanjani na?" Futhi mhlampe mhlawumbe abachitha udoti babengakafiki ngalokho kusa, futhi kwakuneminye imigqomo ibekwe ekhoneni, igcwele i—isibhucu emzini. Ngakho

ba . . . Wathi, "Ukuba bengingahle ngithole lowomgqomo, bengingafinyelela phezulu futhi ngibambe igatsha."

133 Kuyaxaka, ukuthi uNkulunkulu uwathola kanjani amadoda ukuba enze izinto eziyinsini. Ngakho, kodwa, niyazi, uma uzimisele ufuna ukubona uJesu, uyokwenza izinto eziyinsini, uma uzimisele ufuna; u—uqotho ngempela, ufuna ngempela ukwazi ukuthi Kumayelana nani konke.

134 Nalowo kwakungumbono kaZakewu. Wayefuna ukuthola ukuthi konke lokhu kwakumayelana nani, ayekade ezwa. Ngakho uthi, "Manje akukho-muntu ngapha, ngakho ngizothi nyelele ngale bese ngithola umgqomo kadoti bese ngiwudonsa ngiwukhiphele lapha, bese ngiphuma lapha ngiye e—emthini. Futhi manje-ke ngingakwazi ukukhuphukela egatsheni lokuqala, bese ngikhuphukela—phezulu ngengame umgwaqo uma Edlula." Kodwa ngenkathi eqala ukudonsa umgqomo, wawusinda kakhulu kuye ukuba awudonse. Wayethe ukuba yindoda emfishane, emncane ngesiqu. Into kuphela yokuba ayenze, ngaleyonkathi, wayezofanele awuthuthe. Manje, wayegqoke izingubo zakhe ezinhle.

135 Niyabona ukuthi udeveli wenza kanjani na? Uzama nje ukubeka yonk'into endleleni yakho. Ngakho u—uzonyakazisa yonk'into, konke ukungabaza, lonke ufa angaphumelela kulo, ukuba akuvimbele ekuboneni ukuthi yini iQiniso. Muhle nje ekwenzeni lokho.

136 "Ngakho ngigqoke izingubo zami eziphambili," angahle ukuba washo. "Futhi lapha, mina—mina, uma ngibamba lowomgqomo kadoti, ngizongcola."

137 Niyazi, kunabantu ocabangayo, ukuhlala emhlanganweni onjengalo kungahle kukungcolise kancane, kuthi ukuba phakathi komphakathi nomuntu odumileyo womuzi. Kodwa uma ngempela uzimisele ukubona uJesu, uyoza, noma kanjani. Kunjalo. Ngakho, yinye kuphela into yokuba uyenze, uma umuntu ezimisele ukubona uKristu, akukho lutho oluzommisa.

138 Ngakho uyagoba futhi ubamba lomgqomo kadoti, futhi nangu eza. Kwathi nje ngesikhathi esethi akawugone phezulu ezingalweni zakhe, kahle, izimbangi zakhe ziza ngekhona, ezimbili noma ezintathu zazo. Zathi, "Awu, awubheke uZakewu. Useshintshe isikhundla sakhe. Usesebenzela umuzi manje." Sengathi ngiyabona ubuso bakhe bubabomvu kabi kabi.

139 Ngiyamangala, kulobubusuku, uma ubasi ubengahamba angene futhi abone abanye benu bosomabhizinisi lapha, nihlezi emhlanganweni onjengalo obizwa "ngabagingqiki abangcwele," ngiyamangala ukuthi ubuso benu . . . Awu, senivele nikhonjiwe, ngakho ningavele nje nihlale nithule manje. UZakewu wayesevele enawo ezingalweni zakhe; wayesevele ezidelile. Futhi senivele ningenile lapha, ngakho ningavele nje

nihlale nithule, niqhubeke niqede ngawo, nihlezi phakathi lapho.

140 Ingalo yakhe yayizungeze ibhakede likadoti. Into enje pho kusomabhizinisi! Nangu eza, ubuso bakhe bubomvu. Nabo bethi, "Awu, wazini, Zakewu na?" Niyazi, kwakukade kuhlabahlaba, usomabhizinisi ayenakho, ngakho uyathola. Bathi, "Nangu. Manje usesebenzela umuzi. Ngiyazi, ngiyazi ibhizinisi lakhe limi kabi, bukani ukuthi hlobo luni lomsebenzi asenalo."

141 Wayezimisele ukubona uJesu, kungakhathaleki. Wayezwile ngakho, futhi wayesefuna ukuzazela yena.

142 Ngingathanda kuNkulunkulu ukuba wonke umuntu athathe lesosimo sokuziphatha. Uma wake wezwa ngaYe, thola. Akafile. Uyaphila, kakhulu impela nje lapha kulendawo kulobubusuku njengoba Wayenjalo ezingwini zaseGalile. "Bhekani, Mina nginani njalo, ngisho kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Lokho kungenjalo, khona-ke WayenguMesiya wamanga; Wayengesuye u—uMesiya Afanele ukuba nguye. Kodwa uma Ebambelela futhi esigcina isithembiso saKhe, Usenguye uNkulunkulu ozenza aziwe Yena uqobo kubantu. Uzodingeka enze izinto ezifanayo Azenzayo. Leyo yindlela yaKhe yokwenza izinto. Uzodingeka azibonise Yena uqobo ngendlela Enza ngayo ngaleyonkathi. AmaHeberu 13:8, uPawulu ekhuluma kumaJuda, wathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngakho-ke, Ufanele afane emgomweni, ofanayo emandleni, ofanayo kuyo yonke into Ayeyiyo. Ufanele afane namuhla.

143 Ngezinye izikhathi, sibona imisebenzi kaNkulunkulu, ngiyazi kunokuzenzisa okuxubene nakho. Uma uthola idolambumbulu, kukhulumani lokho kini, nina bosomabhizinisi na? Ningayeka na? Nizoyikhipha yonke imali ebhange futhi niyilahle e—emfuleni ngoba nithole idolambumbulu na? Lelodolambumbulu kuphela lichaza ukuthi kunedola langempela elenziwe kulo. NePhentekoste igcwele abokwenyama abazifanisa nabanye. Kodwa kuchaza ukuthini na? Kunowangempela lapho ndawondawo. Ngumuntu mumbe ezama ukuzifanisa nenye into ethize umuntu mumbe omunye onayo ngempela. Yithikithi lokudla kuphela. KungokweNto ethize kuphela engeyoqobo, emva kwento, umuntu mumbe azama ukuzifanisa nayo.

144 Ngakho siyathola, uZakewu uthatha ibhakede lakhe likadoti. Nezimbangi zakhe zehla ngomgwaqo, zimhleka. Kodwa akwenzanga–mehluko. Wayezimisele ukubona uJesu. Khona-ke wayezoba nombono ngaYe.

145 Besingawuthola nje lowomuzwa phakathi kwethu, ukuba nje besingazimisela, ukuthi sizothola ukuthi konke Lokhu kumayelana nani, uma kuyiQiniso. "Uma

uNkulunkulu enguNkulunkulu, Mkhonzeni." UElija umprofethi washo lokho, esiqongweni seNtaba iKameli. "Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, Mkhonzeni. Uma yena oBali benguNkulunkulu, mkhonzeni." Uma uJesu Kristu engenakuzimemezela Yena uqobo ngokufanayo nje njengoba Wayehlala enjalo, khona-ke Akavukanga kwabafileyo.

146 Uma kuphela sizama ukufaka abantu phezu kwesikhalo sesayense ephathelene nengqondo, uma kuphela singabashintsha besuka kwiMethodisti baye kwiBaptisti, noma iBaptisti iye kumaPentecostal, kuyini na? Yisixheke sesayense ephathelene nengqondo. Kunjalo.

147 UNkulunkulu ophilayo Owadala amazulu nomhlaba usalokhu enguMdali ofanayo. Usalokhu enguye, ngomgomo, uNkulunkulu ofanayo Ayelokhu enguye. Ngiyajabula ngimbonile uNkulunkulu ngaphambi kokuba ibandla lingithole, ukwazi ukuthi kwakukhona Onjalo.

148 Ngiyakubona ukuqophisana kwabo, nokukhathazeka, nokuyiyiza. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, konke. Babenento efanayo, konke emBhalweni wonke.

149 Kodwa lomfo omncane wayefuna ukubona uJesu, futhi wayezimisele ukukwenza. Wayengusomabhizinisi, futhi wayefuna ukwenza ibhizinisi ngokufanele. Ngakho, yena, esezimisele . . . Umkakhe esekhaya, ekhuleka, nomkhuleko kaRebekah wawumlandela. Nomfo omncane wadingeka akhwele emthini. Wayedingeka akhwele emthini ngokukopela e . . .

150 Bengingaqondile lokho. Leso yisisho saseNingizimu, soku "khwela emthini ngokukopela." Bangaki owaziyo ukuthi yini "ukukhwela ngokukopela emthini"? Awu, bangaki kini baseKentucky abangakhona lapha empeleni na?

151 Wadingeka akhwele ngokukopela emthini, akhuphukele emthini. Futhi nangu, ehlezi phezulu lapho manje emthini, esula udoti engutsheni yakhe entsha; ecosha izincezwana zokhuni emadolweni akhe nezandla, lapho ayekade ekhwele khona emthini. Kodwa akunandaba ukuthi kwenzekeni, wayezimisele ukubona uJesu. Futhi uma ngempela u . . .

152 Ngizweni. Uma ngempela uzimisele ukuMbona, awukhathali ngozodlula kukho, ukuthi kungakanani ukugxekwa, ukuthi abanye abantu uthini. Ufuna ukubona uJesu, uyokwenza noma yini ukuba uMbone. Uyolindela ithuba lakho. Uyokwenza noma yini ofanele uyenze, ukuze nje uthole ukuMbona.

153 Inkathazo yakho ingukuthi, yanamhlanje, abomi ngokwenele. Akukho ukoma okwenele nokulambela abantu. Ngikholwa ukuthi ibandla belifanele lithi ukuba nobusawoti kakhudlwana kunalokho eliyikho.

154 Usawoti udala ukoma. Usawoti uyisinongo uma kukhona ohlangana nakho. "Kepha uma usawoti udumele, awusasizi ngalutho," kepha uphenduka inhlangano. Kunjalo. Kodwa uzofanele ube nesinongo kuwo. Isinongo singusawoti, ukuqina.

155 Uma umuntu ebona uKristu ephila kuwe, kuyomenza omele ukuba njengawe. Kuyomenza abone uJesu kuwe, kumenze abone uNkulunkulu.

156 Bazi kanjani ukuthi uMose wayengokaNkulunkulu na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi bazi ukuthi uNkulunkulu wayenaye.

157 Manje siyaqaphela, njengoPetru washo ngoSuku lwePhentekoste, mayelana nokuthi, "Madoda akwaIsrayeli, nikanjani . . ." Wasibeka icala lesosizukulwane ngokubethela iNdodana kaNkulunkulu. Wathi, "Ni . . . UJesu waseNazaretha, iNdoda eyafakazelwa nguNkulunkulu phakathi kwenu, yaqinisekiswa nguNkulunkulu, ngezibonakaliso nezimanga uNkulunkulu azenza ngayo; nithathe iNkosi yokuPhila, ngezandla ezimbi, futhi nayibethela."

158 Akayishongo yini kahle uNikodemu yonke imizwa yabo na? Kwakuyisithunzi senhlaliswano sokuba ngowenye into ethize, eyabavimbela ekuboneni uJesu. Wathi kuYe, "Rabi, siyazi ukuthi UnguMfundisi wena, ovela kuNkulunkulu, ngoba akekho umuntu obengenza lezizibonakaliso uNkulunkulu engenaye." Bakuqonda. Kodwa ngenxa yesithunzi senhlaliswano, babenamahloni okukuvuma.

159 Babefanele ngabe baba njengempumputhe uJesu ayiphilisa.

Bathi, "LoMuntu uyisoni."

160 Yathi, "Kuyinto exakile. Nina, baholi bosuku, futhi anazi ukuthi loMuntu uvelaphi na?" Yathi, "Nakuba Uyisoni noma qha, angazi. Kodwa lento eyodwa engiyaziyo: lapho ngake ngayimpumputhe, manje sengiyabona." Yilokho-ke. Yileyonto eyodwa eyayiyazi.

161 Ngiyabuthanda ubufakazi obuvumayo bamadoda ama phakathi kwabantu futhi athi, "Ngiyazi kunento ethize. Into ethize yenzeka kimi."

162 Njengoba ngizame ukusho ngodadewethu oyikhaladi, "Angisikho lokho engifuna ukuba yikho, noma hhayi lokho ebengifanele ukuba yikho, kodwa nokho ngiyazi angisikho lokho engangivame ukuba yikho." Okuthize kwakumbambile.

163 UZakewu, ehlezi phezulu lapho, amahlaphahlapha anje pho ayekuwo, ehlezi phezulu lapho. Futhi niyazi . . .

164 Ngilaleleni. Amadoda amkholwayo uNkulunkulu, angena emahlaphahlapheni, noma kanjani. Enza izinto ngokoqobo eziphambene nokuhamba kosuku.

165 Lalelani uMose. Ngoluny'usuku, umelusi wezimvu. Iqhawe elikhulu eGibhithe, ukuba akhulule abantu bakubo, futhi wayehlulekile. Useba-ke ngumelusi wezimvu, iminyaka engamashumi amane. Indoda endala elungileyo, yazinza, umfo okahle, owayenenkosikazi nengane; uZipora, uGereshomi. Manje siqaphela lokho, emva kokuba uNkulunkulu emfumene, futhi wabona uNkulunkulu esihlahleni esivuthayo, usuku olulandelayo wayenenkosikazi yakhe ihlezi phezu komnyuzi, umntwana enqulwini yakhe. Intshebe emhlophe ibhebhezela. Induku egwegwile esandleni sakhe, ehola lomnyuzi; umoya uvunguza. Ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, elangeni elishisayo, ehlela eGibhithe.

Omunye wayengathi, "Mose, wenzani na?"

166 "Ngehlela eGibhithe, ukulidla." Ukuhlasela kwendoda eyodwa, kodwa ikwenzile. Ngani? UNkulunkulu wayitshela ukuba ikwenze. Yingakho. Niyabo, kwakubukeka—kwakubukeka kuhlanya. Lapho, indoda yayibalekile endaweni, manje isibuyela ngqo.

167 Yileyondlela abantu abathola uNkulunkulu, bazimisele ukuMbona.

168 Nangu ehlezi. Emva kwesikhashana, wayesecabanga, "Uyazi, uRebekah ungitshele ukuthi leNdoda ibingumProfethi. Ngiyakungabaza lokho kakhulu impela. Angikholelwa kukho. Angikholwa ukuthi kunabaprofethi balolusuku. Uma bekungaba yikho, umpristi wami ngabe ungitshelile ngakho. Umpristi wami ungomunye wezinceku zikaNkulunkulu, ngakho ubeyongitshela ngakho." Lokho kuhle.

169 Kodwa, niyabo, ayikaze inkolo ehleliwe yezwe ike yemukele isithunywa esivela kuNkulunkulu nanini, ayikaze. Akashongo yini uJesu kubo, "Nina baFarisi abayizimpumputhe, nihlobisa amathuna abaprofethi, futhi nguwe owabafaka lapho. Yimuphi wabaprofethi uBaba amthuma, eningambulalanga futhi namfaka ethuneni, ngoba waveza ukufika kwaLowo oLungileyo na?" Niyabo?

170 Lapho, ngaleyonkathi, siyathola, nangu, ehlezi phezulu lapho. Niyazi uk'thini? Ngithemba ukuthi lomdlalo wasesiteji awuzwakali uyinhlekisa, kodwa ngizocabanga ukuthi wathi, "Manje, awume kancane, uma lowoMfo kungenzeka angibone ngihlezi phezulu lapha kuleligatsha!" Futhi wahlala phansi lapho amagatsha amabili ephambene khona. Futhi wayehlezi lapho, ekucabangisisa.

171 Leyo yindawo enhle ukuhlala kuyo, lapho izindlela zakho nezindlela zikaNkulunkulu zihlangana khona. Leyo yindawo enhle yokukucabangisisa. Futhi ngithemba ukuthi wonke umuntu phakathi lapha, ongakaze ahlangane naYe, futhi ngempela wazi ukuthi uzelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ukuthi uhlezi kulelogatsha kulobubusuku.

Kodwa, nina bosomabhizinisi, ngithemba ukuthi nihlezi lapho esizama khona ukuthi uZakewu wahlala khona, phezulu emthombeni, namagatsha lapho izindlela ezimbili zihlangene khona, ezenu nezikaNkulunkulu.

172 Wayesethi, "Uyazi ukuthi ngikholwa ukuthi ngizokwenzani na? Ngizovele nje ngiwadonsele phakathi lamacembe lapha futhi ngizifihle ngemibala ekhohlisayo." Wazisonga wonke. Wazishiyela iwindi elilodwa elincane ukuze akwazi ukubuka ngalo, niyazi, icembe elilodwa, akwazi ukulidonsela phansi, bese ethi, "NgizoMbona uma Eza, kodwa Akasoze angibona mina. Akasoze azi ukuthi ngiphezulu lapha."

173 Ngakho esahlezi lapho, emva kwesikhashana, ecabanga ngakho, nakho kuza umsindo ngasekhoneni.

174 Kuyinto exakile, kodwa, ndawo zonke lapho uNkulunkulu ekhona, lapho kubonakala kunenqwaba yomsindo. Lokho kuxakile, kodwa kuyikho.

175 Niyazi, uIsaya, ethempelini, emva kokufa kukaUziya, wayesezansi lapho. Futhi wezwa umsindo, nethempeli lonke lalingqangqazela. Izinsika yagudluka ezindaweni zazo. Futhi kwakukhona iziNgelosi, amaSerafi, lapho, angamaKherubi, abashisi bomhlatshelo, ukunikeza abaphendukile ilungelo lendlela yokuya ealtare. LezoziDalwa ezinkulu, ngaphambili le kweziNgelosi, namaphiko Azo phezu kobuso Bazo, namaphiko phezu kwezinyawo Zazo, futhi zindiza ngamaphiko amabili, zimemeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla."

176 Uma iNgelosi imboza ubuso baYo obungcwele, ukuhlangana noNkulunkulu, sizosithatha kanjani isivumokholo bese simboza obethu ngaso na? Kuzothatha iGazi likaJesu Kristu ukusemboza, khona–ke singamadodana. Hhayi ifeshini ya*lokhu*, noma ifeshini ya*lokho*, kodwa iGazi. UNkulunkulu njalo ube . . . Indawo yaKhe kuphela yokuhlangana nomuntu ngenhlanganyelo iphansi kweGazi elichithiweyo, lapho imbewana yokuPhila . . .

177 Emhlatshelweni omdala phansi ko—komthetho kaMose, babeletha isilwane. Futhi uma sebebhoboze inhlayiya yegazi yalesisilwane, iwundlu, umkhonzi wayekhonza. Kodwa ukuphila okwakusesilwaneni kwakungenakubuyela phezu komkhonzi, ngoba kwakungukuphila kwesilwane esingenamphefumulo. Futhi kwakungenakubuyela phezu komkhonzi. Ngakho-ke kuphela kwakuyi—yisikhumba. Kwakuyindawo nje yokuba ihlale isikhathi kuze kube isikhathi esithize.

178 Kodwa ke ngenkathi kwephulwa umthambo kaEmanuweli, uJesu wayengeJuda engengoweziZwe. Niyabo? Ubulili bowesilisa bukhipha imbewana ngombala obomvu ezinhlayiyeni zegazi, nenhlayiya yegazi ivela kowesilisa. Owesifazane . . .

179 Nani bantu abangamaKatolika, kungesikho ukuphikisana nani, kodwa nimbiza ngo, "Mariya, umama kaNkulukulu," uNkulunkulu wayengaba kanjani nomama na? Wayengumfukameli.

Wena uthi, "Awu, i—iqanda livela kowesifazane."

180 Kodwa iqanda alivelanga kuMariya. Uma iqanda livela kuMariya, khona-ke kwafanele kube nokuvuka komuzwa. Bukani ukuthi uNkulunkulu nimbekaphi. UNkulunkulu wadala kokubili iqanda nenhlayiya yegazi.

181 WayengeJuda engengoweziZwe. WayenguNkulunkulu, kungekho okungaphansi. WayenguNkulunkulu, ebonakaliswe enyameni. Akashongo yini, sifunda emiBhalweni, ukuthi, "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe na"? WayenguEmanuweli. Wathi, "KiMi, o . . . "

182 Washo emiBhalweni lapha, njalo, "Ubani ongaNgilahla ngesono na? Ngehlulekephi ukwenza khona impela okwakulotshwe ngaMi na? Hlolani imiBhalo. Nithi ninokuPhila okuPhakade, ekuYihloleni, futhi yiYo Efakaza ngaMi. Futhi uma ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kepha uma Ngenza imisebenzi, nakuba ningenakuNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo, ngokuba iyafakaza ukuthi NginguBani."

183 O, umKristu ashoda ngakho kakhulu namhlanje, kwenhlanhla uNkulunkulu amnika yona, nangezinto eziseBhayibhelini! Bengingathanda kanjani ukuthatha indikimba lapho! Isikhathi angeke sikuvumele.

184 Wezwa umsindo. Waphakama. Wathi, "Awu, lokho kufanele kube yilabo bagqingqiki abangcwele beza." Wehlisa icembe, walinda umzuzu. Emva kwesikhashana, waqaphela, kuziwa ngekhona.

185 Kufanele ukuthi kwakukade kukhona omkhulu, umfo oyisidlakela phandle ngaphambili. Sengiyambona, uhlobo lomfo othe ukuba mude, abanzi, amahlombe aqondile, othi akabe neminyaka engamshumi ayisithupha nanhlanu, ehambisana enenduku esandleni sakhe. Lo kufanele ukuthi kwakukade kuyilowo esimbiza ngo, Ayembiza ngo, "Simoni," futhi umnika elinye igama lika*Petru*, okusho "ukuvuma," noma "itshe elincane."

186 Ngemuva, amadoda ayishumi nambili eMzungezile. Abantu bephuma begijima, ukuba bathinte u—uRabi lapho Edlula. Sengiyabezwa bethi, "Ningamthinti uRabi. Kade Ekhathele. Useshumayele ubusuku bonke. Amandla aphumile kuYe. Ushe izwi, ngenxa yokukhuluma. Ningayithinti iNkosi yethu. Ifanele yehle manje. Ifanele ibe nelantshi yaYo. Sekuyisikhathi saYo ukuba idle. Futhi sizani ningaYithinti. Melani eceleni, nizokwenza na, sizani, futhi nidedele uRabi edlule."

187 Nangu Ema. Futhi ngenkathi uZakewu, usomabhizinisi wakithi omncane waseJeriko, ngenkathi ekuqala ukubona uJesu, Wayebukeka ehlukile kunoma iyiphi indoda ake ayibona.

188 Ake sifake ukungenisa okuncane lapha. Inenekazi lingahle ukuba laliphume nengane encane. UZakewu ubuka *ngapha*, ukubona ukuthi ngubani. "O, ngiyakhumbula ngenkathi udokotela wayesendlini ngoluny'usuku. Ngangimi lapho ngenkathi umpristi wayemi lapho, futhi. Udokotela uthi, 'Umntwana ngeke aphile. Mfake endlini futhi uvale yonke iminyango. Ungavumeli umoya.' Futhi lapha lowomndeni onokuhlanya uzwile ngaleNdoda enamanga, eZibiza ngomProfethi waseGalile. Enyukela lapha, futhi eletha leyongane, ngani, lena, umthetho womuzi ubufanele uMbambe. Ngizokubona lokho, uma sihlangana, ibhodi. Sizothola ukuthi uma indoda, ezolandela uhlanya lwento ethize enjengaleyo, ibingenakekelwe. Isangene engqondweni yayo."

189 Futhi ngibona indoda iphuma igijima futhi ithi, "Nginomntwana ofayo lapha, mnumzane. Ungamvumela nje umProfethi amthinte na? Ngikholwa ukuthi UngumProfethi kaNkulunkulu. Ngike ngaMbona kweminye imihlangano, futhi ngizwile ngaYe, futhi ngiyazi."

"Qhabo. Ngiyaxolisa. Baningi kakhulu."

190 Kodwa, emva kwesikhashana, owesifazane omncane uyaphuma, ephethe ingane, nengane ingasaphili. "Mdedele nje ayithinte. Yilokho kuphela engikufunayo. NgiyaMkholwa. Ngiyakholwa, uma Ezothinta ingane yami!"

191 "Singeke nje sakwenza, medemu." Yena eqhelile ekude nabo, nokho, uma emikhondweni yaKhe.

Futhi manje-ke sengiyambona uZakewu edonsa icembe lakhe elibuyisa futhi ebhekisisa.

Wathi, "Ilethe lapha ingane."

192 Ngenkathi beletha ingane lapho, umzinjana nje, uthunqa umusi, kushisa kakhulu. Base bembula izembozo. Ubeka iminwe yaKhe phezu kwayo. Umama emi lapho, nawakhe amahle, amehlo eJuda. Izinyembezi zehla ziyimishwe ezihlathini zakhe. Nobaba emi lapho, nezandla zakhe zisemoyeni, ekholwa. Futhi Ubeka umunwe waKhe ngale phezu kwengane, nemfiva yasuka. Umfo omncane wagxuma waphuma ezingalweni zikamama wayesehla njalo ngomgwaqo.

193 UZakewu washintsha umqondo wakhe. "Kufanele ukuthi ikhona into ethize engubuqiniso ngaleNdoda. Kodwa, kungcono ngiqaphelisise. Kuzobangcono ngigcine icembe lami liphansi, ukuze Ingezukungibona. Iza ngapha."

194 Ungeke neze wathola ukubuka okuqinisile kuJesu Kristu futhi ube uyilokhu uhlala ufana. Kunento ethize ngaYe ehlukile kubo bonke abanye abantu. Uma uke waze waMuzwa

ekhuluma, uyofana namabutho amaRoma, "Akekho umuntu owake wakhuluma kanje."

195 Abapristi bakhuluma ngento ethize. Umuntu usalokhu enemvelo efanayo. Sinayo namhlanje. Umuntu njalo udumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenza, futhi abheke phambili kulokho Ayokwenza, futhi akushaye indiva lokho Akwenzayo. Leyo nje yimvelo yomuntu. Bekuhlala njalo kuyileyomvelo.

196 Kodwa umuntu eke wabuka, uJesu Kristu, akasoze afana, angaMbona ebonakaliswa.

197 Yingalesosizathu, uma ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele, uphawu lumacala omabili ephepha, kokubili kuza futhi kuhamba. Bangakubona ukuhamba, ukukhuluma, ukuPhila kukaKristu kubonakalisa kulokho, kubantu baKhe. Kwakuyileyo nhloso yaKhe yokufa, ukuze iBandla likwazi ukuqhubeka nomsebenzi waKhe. Kodwa sesibe yisibumbatha esigejaneni sayo yonke into.

198 Manje siyaqaphela, lapho Eqala ukuqhubeka, ehla ngomgwaqo. UZakewu uphakamisa icembe lakhe lithi ukuphakama kakhudlwana, ufuna ukuthola ukuMbuka kahle ngempela lapho Edlula. Manje uzemboze konke, wazifihla ngemibala ekhohlisayo kahle ngempela. Futhi emva kwesikhashana, uzofanele aphakame *kanje*, ukuba abuke. UJesu wayeza ngqo phansi kwakhe.

199 Lapho nje Esedlule, uJesu wama, wabuka phezulu, wathi, "Zakewu, shesha. Yehla emthini. Ngiya ekhaya nawe ukuyodla idina namhlanje." Umehluko onje pho! Wazi ukuthi lowo kwakungumProfethi iNkosi uNkulunkulu eyayimvusile. Akusikho kuphela ukuthi wayazi ukuthi wayesemthini, kodwa wazi ukuthi igama lakhe lalingubani.

200 IBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba ngisho nasekwahlukaniseni, umnkantsha wethambo, nelaHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama futhi wakha phakathi kwabo. Futhi saMbheka, oZelwe yedwa nguBaba."

201 Nango Wayelapho, iZwi likaNkulunkulu, libonakaliswa kuloZakewu. Uza ehla ephuma emthini, ngokushesha, ukuba aphenduke.

202 Zakewu, somabhizinisi lapha kulobubusuku, khumbula, ungeke wacasha phansi kwamacembe omkhiwane. Uyazi nje impela lapho ohlezi khona. Uyakwazi. Uyakwazi ukuthi ungubani. Uyalazi igama lakho. Uyazi ukuthi kungani ulapha. Wazi konke ngakho. Kunjalo.

203 Futhi thina esihlangane naYe, futhi siMazi, futhi siba ngabafundi baKhe, siyazi ukuthi Uyini nokuthi Ubenzelani abantu. Siyazi ukuthi Uhlal'efana.

204 Zakewu yehla, ngesimo sesimilo sokuzisola. Wathi, "Uma . . . Nkosi, uma ngikhohlise noma yimuphi umuntu, ngizokukhokha ngikubuyise. Ngizoyithatha imali yami; ngizopha abampofu." Niyabo, wayesevele elitholile leloParele lenani elikhulu. Wayethole into ethize eyayingaphezu kwebhizinisi lakhe. Wayethole into ethize, leyoNto ethize.

205 Futhi bonke abantu uzama ukuzuza ngempumelelo into ethize. Kodwa uma ulahlekelwa ukuPhila okuPhakade, kukwenzeleni konke ukuzuza kwakho ngempumelelo na? Igugu elikhulu kunawo onke umuntu angalithola ngukuthola ukukhululwa.

206 Njengoba ngishilo, eTestamenteni eLidala, ngenkathi inhlayiya yegazi ibhotshozwa ewundlwini, yayingena kubuyela phezu komkhonzi, ngakho-ke wayephuma nesifiso esifanayo sokuba one. Kodwa kuloludaba, ngenkathi, ngokukholwa sibeka izandla zethu phezu kwenhlayiya yeGazi elabhotshozwa eKalvari; hhayi eleJuda, kanjalo kwakungesiyo ngisho nenhlayiya yegazi loweziZwe. KwakuyiGazi likaNkulunkulu, futhi ngenkathi lokho kuPhila okuphuma lapho kubuyisela ukuPhila kukaNkulunkulu kithi, okungukuPhila okuPhakade. Igama lesiGreki lapho liyasetshenziswa elithi, *Zoe*, okusho ukuthi, "UkuPhila kukaNkulunkulu uQobo," futhi khona impela ukuPhila okwakukuKristu, okwabe kunguNkulunkulu.

207 Umzimba wawunguMuntu, kusobala. Kodwa uNkulunkulu, uMdali, Owenza umuntu wokuqala! Wavelaphi uma Engamenzanga na? UNkulunkulu, uMdali, ngaphandle kosizo lwanoma yini, wadala uAdamu. UNkulunkulu, uMdali, wenza uMuntu, uKristu uJesu, iNdodana yaKhe, esizalweni sikaMariya. Futhi WayenguEmanuweli. Futhi ngenkathi isono . . .

208 Hhayi ngoba Wayedingeka afe; Wakubeka phansi. Kodwa ngoba isono sashaya, umkhonto owabhoboza inhliziyo yaKhe, kwasekuthi-ke into ethize yenzeka. UkuPhila kubuyela phezu komkhonzi. Futhi kuyini na? "Khona-ke asisenawo unembeza wesono," kusho umbhali wamaHeberu. "Isifiso sesono sesihambile." Manje-ke, manje sesikhululekile.

209 UZakewu; ngenkathi bebone uJesu enyuka iGolgotha, ukuba abethelwe.

210 Akukho kungabaza kodwa lokho udeveli ayehlala njalo eMngabaza. Udeveli waMngabaza ngenkathi eqala ukuMbona, ngenkathi Eyongena ehlane, emva kokuba uMoya oNgcwele ufike kuYe. Wathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, sikhombise isimangaliso. Phendula lawamatshe abe yizinkwa." Lowodeveli akakafi namanje. "Ngikhombise isimangaliso."

UJesu wathi, “Kulotshiwe, ukuthi, ‘Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa.’”

211 Ngenkathi beMbamba laphaya egcekeni, iqembu likadeveli, lawomabutho amaRoma, abopha izandla zaKhe emva kwaKhe, kwase kuthi-ke laMshaya emhlane ngemihlanga nesiswebhu sentambo esinezibhaxu eziyisishiyagalolunye, kwaze kwaba ngukugcwalisa isiprofetho sabaprofethi. “Ngokuba Yalinyazwa ngeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina.” Futhi Esagoba . . .

212 Namabutho aMbopha ngendwangu amthandela ikhanda laKhe, futhi aMshaya ekhanda ngomhlanga. Ase ewedlulisela komunye nomunye, ase ethi, “Uma UngumProfethi, sitshele ukuthi ubani oKushayile. SizoKukholwa.” Lokho kubhuqa, nesikhwehlela samabutho adakiwe phezu kobuso baKhe!

213 Udeveli wathi, “Lowo kungeke kwaba uNkulunkulu. Lowo angeke ngisho kwaba umprofethi. Ungumkhohlisi.” Engazi ukuthi imiBhalo ifanele igcwaliseke.

214 Khona-ke uma siMbuka enyuka eKalvari, Mbukeni. Ngifuna lezizethameli zithole umbono waKhe. Asibuyele emuva, iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, okomzuzwana, futhi nginikeni ukunaka kwenu. Kumnyama phezu kweJerusalema. Ngani? Imihlatshelo uyanqatshwa nguJehova. Into ethize ilungiselela ukwenzeka. Njengoba igazi lishiswa ealtare, uNkulunkulu walenqaba. UMhlatshelo wangempela wenyuka ngomgwaqo. Sengiyakuzwa ukubhampa kwento ethize. Buka phansi, nakho kuhamba lesosiphambano esidala esimigoxigoxi, phansi kwesijeziso samaRoma sokufa, soMuntu ongenzanga lutho.

215 Futhi sengiyambona owesifazane omncane ephuma egijimela ngaphambili, futhi ethi, “Wenzeni ngaphandle kokuphilisa abagulayo benu nokuvusa abafile na?”

216 Omunye wammukula ebusweni, wayesethi, “Ubungakholwa yilowo wesifazane ngaphambi kokuba ukholwe umpristi wakho na? Msuseni uMuntu onjalo!”

217 Bukani ibhantshi laKhe. Kunamabala amancane abomvu kulolonke, ngemuva. Lapho Ehamba eqhubekela phezulu egqumeni, lawomabala aya ngokuba makhulu ngokuba makhulu. Emva kwesikhashana, onke ahamba aba ngelilodwa. Khona okuthize okuMchaphazelayo. Kuyini na? YiGazi laKhe. Nesiphambano sihudulela sikhipha amanyathelo oMthwali.

218 Sengiyayibona leyonyosi yokufa yenyuka lapho, ibubuza ngakuYe. “NgizoMthola manje. Uma Ubengumprofethi, Ubeyo—Ubeyokwenza okuthize ezansi lapho ngenkathi bemphimisela ebusweni baKhe. Wayengumprofethi, Ubengeke akwenze Akwenzayo manje. Ngiyazi ukuthi ngizoMthola.”

219 Niyazi, yonke inyosi, sonke isinambuzane, sinesitinyeli kuso, nalesositinyeli siyinto embi.

220 Nokufa kunesitinyeli kukho. Kodwa uNkulunkulu wadingeka enziwe inyama. Sasingatinyela umprofethi futhi simbambe. Sasingatinyela indoda elungile futhi siyibambe. Satinyela uDavide futhi sambamba. Kodwa nangu uNkulunkulu, futhi asikwazi. Lenyosi iyavuka iphuma esihogweni, ibubuza ngakuYe. "NgizoMthola."

221 Kodwa uma inyosi ike yaze yagxilisa isitinyeli sayo okwehange sijula ngokwenele, ikhipha isitinyeli sayo kuyo.

222 Futhi ngenkathi leyonyosi yokufa ikwazi ukugxilisa isitinyeli sayo okwehange kumuntu onjengami noma wena, ibingazedlulela naso. Kodwa kwakuno—nomzimba olungiselelwe; kodwa ngenkathi igxilisa lesositinyeli okwehange kuJehova, inyama kaNkulunkulu, edaliwe, hhayi isifiso esithize socansi. Ngenkathi igxilisa okwehange kuleyonyama, yalahlekelwa isitinyeli sayo. Manje–ke, ayisenasitinyeli.

223 Akumangalisi ukuthi lowoPawulu oNgcwele omkhulu wakwazi ukuma, ngenkathi babakha indawo lapho ukuba banqume ikhanda lakhe ngayo. Wathi, "O kufa, siphi isitinyeli sakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Yebo.

224 O, uma umuntu eke wabamba lokho ekuboneni, yonke enye into ingeyesibili. Ibhizinisi lakho lingelesibili, yonke enye into. Qhabo, ayinandaba kakhulu kangako. Uzohlala lapha nje isikhathi esifishane, kodwa Lokho kungokokuqala. "Kuyakumsiza ngani umuntu uma elahlekelwa . . . azuze izwe lonke, futhi alahlekelwe umphefumulo wakhe na?"

225 Zakewu! O, Zakewu! Mhlawumbe akusuye uRebekah ekhaya, ekhuleka, kodwa mhlawumbe umama osevele edlulele ngaleya kweveyili. Imikhuleko yakhe isalele ealtare likaNkulunkulu. Uma lokho kunjalo, Zakewu, phuma emva kwalawomacembe omthombe kulobubusuku: lowomqhele walesosivumokholo sehlelo obambelele kulo, ngaphandle kokuZalwa oKusha; leyonto ethize obambelele kuyo, futhi awukaze ube nayibuphi ubufakazi obubonakalayo ukuthi uNkulunkulu wayekubo. Uyazi impela lapho ohlezi khona. Awukwenzi ngani na?

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

226 Nkulunkulu Somandla, Jehova omkhulu nosabekayo Owabhonga wehla eNtabeni yaseSinayi, kwaze kwathi ngisho abantu bathi, "Makukhulume uMose futhi kungabi uNkulunkulu, kungenjalo siyafa." Khuluma kulobubusuku, Baba wethu oseZulwini, ngesihawu nangentethelelo, enhliziyweni yabantu engakwazi Wena. Futhi bazise ukuthi yilesi isikhathi. Ukuthi, mhlawumbe bacashile emva

kwebhezinisi labo. Kungahle kube nabaningi osomabhizinisi lapha, Baba, o—ongakwazi ngempela Wena. Mhlawumbe bangabesonto, futhi asisho lutho olubi oluphambene nalokho. Kodwa abakaze bazalwe ngokusha. Abazi ngempela ukuthi kuyini.

227 Futhi siyazi ukuthi akukho nelincane elilodwa noma ichashazi elilodwa nhlobo eliyoke like lize ledlule eZwini laKho. Wena wathi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze." Futhi Wena wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, ngamanzi nangoMoya, akasoze angena eMbusweni." Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzokhuluma ezinhliziyweni kulobubusuku ngalesisikhathi nje. Makuthi abesilisa nabesifazane bacabange kanzima, ngalomzuzwana nje, sazi ukuthi siphila emahoreni okuvala.

228 UIsrayeli usezweni lakhe lendabuko, ikhalenda elikhulu likaNkulunkulu. Ubuyela emuva, ebuka, "Uphi uMesiya na?"

229 Siyazi ukuthi ngenkathi uJosefa ezazisa kubafowabo, ukuthi wakhipha abeziZwe emagcekeni. Umkakhe nabantwana babesesigodlweni. Kumele kubekhona ukuhlwithwa koweziZwe, ukuze uIsrayeli aziwe. Khona–ke kuyofika isikhathi sokulila nesokudazuluka nesokukhala, "Wazitholaphi lezozibazi na?"

230 Wathi, "Ezandleni zomngani waMi. Kubangani baMi Nginalezizibazi esandleni saMi," endlini lapho ngempela Ayefanele emukelwe khona, ngenkathi Ezazisa Yena uqobo kuIsrayeli futhi.

231 Nkulunkulu, abeziZwe esenethuba, kwangathi bangaphenduka ngokushesha futhi beze kuWe.

232 Sisakhothamise amakhanda ethu, Zakewu, ngifuna wethembeke ngempela umzuzwana nje, naboRebekah, futhi. KuloMlayezo ophukile omncane, uma ibikhona into ethize ekhuluma enhliziyweni yakho futhi yathi, "Angikaze ngisemukele lesosehlakalo sika—sikaMoya oNgcwele, iVangeli eligcwele, kodwa ngithanda ukuba nalo. Ngifuna ungikhumbule emkhulekweni, Mfowethu Branham. Ngizophakamisa isandla sami nje, hhayi kuwe, kodwa kuNkulunkulu." Futhi ngithi, "Ngikhulekele." Futhi ngizowuqeda umkhuleko, ngikhumbula wena. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena, amadazini ezandla.

233 Wena uthi, "Ngabe lokho kuyasiza, Mfowethu Branham na?" Impela. "Kungani na?"

234 Uyabo, isayensi ikutshela ukuthi ungeke wasiphakamisa isandla sakho, empeleni. Isizathu, ngani na? Amandla adonsela phansi omhlaba ayobamba isandla sakho sehle. Kodwa unomoya wokuphila kuwe. Nalokho kuphila okukuwe, okunye ukuPhila kufike kukho kwase kuthi, "Unephutha."

235 Futhi wephule imithetho yesayensi, futhi waphakamisa lesosandla wasibhekisa ngakuMdali, wase uthi, "Ngikhumbule." Uzokukhumbula. Uma ubukuqonde ngempela lokho, Uzokuthatha ezwini lakho. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Omunye futhi manje ngaphambi kokuba sivale na? Nje ngizosho izwi elincane lomkhuleko, ngikhuleke nje emzuzwaneni. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Omunye futhi na?

236 [Udade ebandleni ucaphuna eminye imiBhalo—Umhl.] Amen. Ngezihawu, lencekukazi encane isukuma phansi koMoya, ikhuluma iveza isithembiso.

237 Ungasi—ungasiphakamisa isandla sakho uma ungakakwenzi na? Futhi uthi, "Nje . . . " Yilokho kuphela engizonicela ukuba nikwenze. Phakamisa isandla sakho nje, uzibone wena uqobo unephutha, futhi ufuna isihawu. INdlu ivuliwe. "KunoMthombo endlini kaDavide, uvulelwa isono nokungahlanzeki." Ungawemukela kulobubusuku, omunye futhi, singakavali manje na? Kube ngezingamashumi amane, izandla ezingamashumi amahlanu eziphakamayo endlini, zabesilisa nabesifazane, abasha nabadala, baphakamisa izandla zabo. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kulungile.

Asikhuleke.

238 Nkosi Jesu, ngikholwa ukuthi lezizandla siphakanyiswe ngokujula okudlula konke kobuqotho. Uyayazi impokophelo yabo. Uyayazi injongo yabo yokwenze njalo. Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi isihawu saKho sobuNkulunkulu sizophumula phezu kwalowo ngamunye wabo. Kwangathi kulobubusuku kungaba isikhathi sokuguquka. Kwangathi bengashelela behle baphume emthini wobuFarisi bokuzazisa. Kwangathi bangashelela behle baphume emthini, phambi kukaJesu Kristu, futhi bathi, "Nkosi, uma ngenze okuliphutha, ngiyavuma ukukulungisa." Futhi ukusuka kulendlwana yedili lokudla encane kulobubusuku, Baba, Uzoya ekhaya nabo, futhi, futhi udle nabo, futhi uhlale njalonjalo nabo konke ukuphila nalolonke iPhakade. Ungesiphe lokhu, njengoba nginikela umkhuleko wami kuWe esikhundleni sabo na?

239 Wena wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Wakwethembisa lokho.

240 Futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, laba banikelwa ukuba babe imiklomelo yomusa nothando. Basezandleni zaKho, futhi akekho umuntu ongabahlwitha. Ngobuqotho obuthembekile enhliziyweni yabo, ukuvuma okuthembekile abakwenzile, ukuthi bafuna ukujika ezindleleni zezwe, baye ezindleleni zikaNkulunkulu, ngokuphila kwabo.

241 Bemukele, O Nkosi, ngiyacela, njengoba ngibanxusela, ngimi phambi kwesihlalo saKho sobuKhosi esiMhlophe

esikhulu. Ngokukholwa sima lapho, sibuka phezu kwesihlalo sobuKhosi sikaNkulunkulu samazinyo endlovu, nomHlatshelo oneGazi ubekwe phambi kwethu, wenza izinxuselo ekuvumeni kwethu. Basize, Baba. Ngibethula kuWe njengezipho zothando, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Amen.

242 Manje, ngamunye wenu ophakamise isandla sakho, ngifuna ukunicela ningenzele into ethize. Ngifuna nibonane nabanye balababefundisi lapha, futhi nibatshele ukuthi senemukele uKristu njengoMsindisi wenu, futhi nifuna ukubhaphathizwa, futhi nifuna ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Futhi uNkulunkulu uzonipha lokho.

243 Manje, bengicabanga ngenye into ethize, kodwa ngeke sibe nesikhathi, ngoba sekuthi—sekuthi nje akube imizuzu emihlanu isikhathi okufanele sivale ngaso indawo, kodwa si—siyakuthokozela ukubekezela kwenu.

244 Nazozonke izandla zenu eziphakamile, manje, bengingazi nje ukuthi bezikuphi, ndawo zonke nje. Kodwa ngenkathi uphakamisa isandla sakho, impela ubuqonde lokho. Ubungeke usiphakamise isandla sakho ukuba ukwenze nje. Uma ukwenzile, lokho ngukuzenzisa. Phakamisa isandla sakho. Ungenzi lutho neze ngaphandle uma ukwenza ngobuqotho ngempela. Futhi uma wenza lesosinqumo, futhi phansi enhliziyweni yakho uqonde ukuthi ususenzile, khona-ke hamba ngobuqotho naso. UNkulunkulu uzokuhlonipha.

245 Ake nisho, kambe, nike nazi ukuthi kwenzekani kuZakewu na? Ningathanda ukwazi ukuthi kwenzekani kuye na? Uba yilunga leNhlangano yoSomaBhizinisi beFull Gospel baseJeriko. Anifuni ukuyijoyina, nani na?

